

## Indlela yokukhanda itshe lomsoco nomdlandla eliphakelwa izimbuzi



Le ncwadi ichaza iphinde ikhombise izithombe zokwakhiwa kwentshe lomsoco elinikwezwa liphakelwa izimbuzi.

Lelitshe lomsoco akufanele liphakelwe izimbuzi lilodwa kufanele kubekhona okunye ukudla ezikutholayo.

Lelitshe lenza izimbuzi zome kakhulu ngoba kwingxube kukhona netswayi ngaleyondlela kufanele kube namanzi anele ahlanzekile eduze nembuzi.

Imbuzi ngayinye idinga ukukhatha itshe elingalinganiselwa ezipunini ezi4 ngosuku, umfuyi kufanele aqikelele ukuthi izimbuzi zingagcini sezilikhuma.

Itshe liyanconywa kakhulu ezinsikazini ezimithi noma ezinamazinyane futhi liyasiza kakhulu emazinyaneni kodwa kufanele aqale ukulikhatha enamaviki ama2 ezelwe.


Lelitshe liphephile emfuyweni alifakiwe isikhuthazi(urea)

## Izithako

Lezithako ezi5 zitholakala ezitolo ezidayisa ukudla nemithi yemfuyo.

Amagama abadayisi angashintsha kodwa lokhu akumqoka inkani nje uma izithako zifana.

Sicela usebenzise ujeke ongu 2lt ukukala izithako. Bheka esithombeni uhlobo lojeke okulindeleke ukuthi ulusebenzise.



Isithako	Inani lojeke
Course salt / Itswayi	2
HPC 36%	16
Maize meal/imphuphu	6
Molasses (liquid)/Uthiliki ongamanzi	7
Whitewash /ukaliki	2
<b>Inani lamatshe ozowathola</b>	<b>39</b>

## Indlela yokuxova

Thola indawo ekhonkiwe noma uzikhonkele indawo lapho uzosebenzela khona okanye usebenzise useyili uma ungenayo indawo enjalo. Hlanganisa izithako ezomile zodwa zizezihlangane kahle ngaphambi kokuthi ufake utiligi. Sebenzisa isipeti ukuhlanganisa ingxube yakho uma kukhona amageqele acube ngesandla aze ahlange kahle nenhlama. Vala amakhala ngesamfonyo ukuvikela ukuthi izintuli zingangeni emakhaleni.



## Ukusebenzisa umshini wokwaka intshe

Gcoba umshini ngamafutha ukuze amatshe abhakeke kalula anganamatheli uma usuwakhapha. Thela inhlama emshinini usebenzisa isipeti ugcinise ngomaka njengoba kwenziwe esithombeni. Gxisha ngensimbi ehambisana nomshini onezibambo. Nyathela amadlebe ensimbi yangaphezulu bese udonsa umshini. Donsa insimbi ehlukani sa amatshe. Susa wonke umshini uwubeke eceleni. Omise ethunzini usuku olulodwa ngaphambi kokuthi uwaphakele izimbuzi.



Lomshini ukhandwe ngokukhethekile ukuthi wakhe amatshe ezimbuzi  
Utholakala ezitolo ezithengisa izinto zokwakha.  
(ngemali elinganiselwa e-R1500 kunyaka ka 2015)  
Cela bakuordele I '**Haka goat block maker**'



Uma ungenawo umshini ungasebenzisa isitsha sepulasitiki noma isiphi.  
Gxisha ngezandla ukuze kuhlangeane kahle.



The contents of this document are the intellectual property of Mdukatshani and Heifer. Any information contained within this presentation may not be used, reproduced or distributed in any form, manner or variation without the prior written consent of Mdukatshani and Heifer. Recipes and methodologies contained in this document remain the intellectual Property of Mdukatshani and Heifer and if quoted, due reference as to the source should be indicated.